2. Susa okuthathu enombolweni oyinikiwe. Sikwenzele okokuqala.

a. $766 - 3 = 763$

b. 763

c. 789

d. 756

e. 713

f. 799

3. Kwenzekani uma uhlanganisa noma ususa okuthathu ezinombolweni ezingenhla?



Buka iziyungi ezisasibhakabhaka ebhodini lezinombolo.

a. Yini eqaphelekayo kulezi ziyungi? _____

b. Yelula lezi zinombolo:

704; 707; 710; _____ ; _____ ; _____

782; 785; 788; _____ ; _____ ; _____



773; 776; 779; _____ ; _____ ; _____

779; 782; 785; _____ ; _____ ; _____

779; 776; 773; _____ ; _____ ; _____



Gcwalisa inombolo efanele esiyjingini ngasinye kule migqa yezinombolo.



Nginenombolo enamadjithi ama-3:

Idijithi lokuqala yisi-7, elilandelayo likhulu ngokubili kunesi-7,
elokugcina lincane ngokuyisi-7 kunesi-7.

Manje bala ngakuthathu uye phambili usukele kule nombolo. Uthola yiphi inombolo?



Teacher:
Sign:
Date:

Ukuphindaphinda: ngaku-4 uye ema-75

Yizini ezivame ukuhamba
ngazi-4?
Amasondo emoto.



Qedela ithebhula.

Mangaki amasondo kulo kh
Imoto e-1?
Izimoto ezi-2?
Izimoto ezi-3?
Izimoto ezi-4?
Izimoto ezi-5?
Izimoto eziyi-6?
Izimoto eziyi-7?
Izimoto eziyi-8?
Izimoto eziyi-9?
Izimoto eziyi-10?

Qondanisa isibalo nombuzo
ongakwesokunxele:

$$\begin{aligned} 9 \times 4 &= 36 \\ 7 \times 4 &= 28 \\ 2 \times 4 &= 8 \\ 4 \times 4 &= 16 \\ 3 \times 4 &= 12 \\ 5 \times 4 &= 20 \\ 1 \times 4 &= 4 \\ 10 \times 4 &= 40 \\ 6 \times 4 &= 24 \\ 8 \times 4 &= 32 \end{aligned}$$

Amaqoqo	Phindaphinda	Ukuhlukanisa	Hlukanisa
Amaqoqo ayi-12 ezinto ezhamba nga-4	$12 \times 4 = 48$	Hlukanisela abantu aba-4 izinto ezingama-48	$48 \div 4 = 12$
Amaqoqo ayi-16 ezinto ezhamba nga-4		Hlukanisela abantu aba-4 izinto ezingama-64	
Amaqoqo ayi-18 ezinto ezhamba nga-4		Hlukanisela abantu aba-4 izinto ezingama-72	
Amaqoqo ayi-15 ezinto ezhamba nga-4		Hlukanisela abantu aba-4 izinto ezingama-60	




Qedela ithebhula.

Ukuhlukanisa	Hlukanisa
Hlukanisela abantu aba-4 izinto ezingama-35	$35 \div 4 = 8$ kusala 3
Hlukanisela abantu aba-4 izinto ezingama-55	
Hlukanisela abantu aba-4 izinto ezingama-70	
Hlukanisela abantu aba-4 izinto ezingama-75	




Qedela ishadi lokulandelanayo.

okungenisiwe




okukhiqiziwe

okungenisiwe




okukhiqiziwe

okungenisiwe



okukhiqiziwe

okungenisiwe



okukhiqiziwe



Qedela la mathebhula angezansi:

×	1	2	3	4	5	6	7	8	9	10	11	12	13	14	15
4															
×	16	17	18	19	20	21	22	23	24	25	26	27	28	29	30
4															

Uyithole kanjani impendulo emabhulokhini anombala osasibhakabhaka?



Xazulula lesi sibalo:

Nginama-R75.

Zingaki izipho ezincane zephathi ongazithenga ngama-R4?





Yini ongayisho ngezinombolo ezisebhulokini
elinombala osawolintshi?

Bala ngakune usuke ema-704 uye ema-800.
Iyiphi inombolo engemuva kwama-736 uma ubala
ngakune?

Bala ngakune uhlehle usukele ema-800
uye ema-704. Iyiphi inombolo engaphambili
kwama-776 uma ubala uhlehla?

701	702	703	704	705	706	707	708	709	710
711	712	713	714	715	716	717	718	719	720
721	722	723	724	725	726	727	728	729	730
731	732	733	734	735	736	737	738	739	740
741	742	743	744	745	746	747	748	749	750
751	752	753	754	755	756	757	758	759	760
761	762	763	764	765	766	767	768	769	770
771	772	773	774	775	776	777	778	779	780
781	782	783	784	785	786	787	788	789	790
791	792	793	794	795	796	797	798	799	800



Qedela lezi zinombolo.

704; 708; 712; _____ ; _____ ; _____

724; 728; 732; _____ ; _____ ; _____



Hlanganisa noma ususe oku-4.

- I. Hlanganisa okune enombolweni oyinikiwe.
Sikwenzele okokuqala.

a. $764 + 4 = 768$

b. 764 _____

c. 788 _____

d. 754 _____

e. 718 _____

f. 794 _____



2. Susa okune enombolweni oyinikiwe. Sikwenzele okokuqala.

a. $764 - 4 = 760$

b. 768 _____

c. 784 _____

d. 752 _____

e. 714 _____

f. 798 _____

3. Kwenzekani uma uhlanganisa noma ususa okune ezinombolweni ezingenhla?



Buka iziyangi ezisasibhakabhaka ebhodini lezinombolo.

a. Yini ongayisho ngalezi ziyangi? _____

b. Yelula lezi zinombolo:

$703; 707; 711; \underline{\hspace{1cm}}; \underline{\hspace{1cm}}; \underline{\hspace{1cm}}$

$783; 779; 775; \underline{\hspace{1cm}}; \underline{\hspace{1cm}}; \underline{\hspace{1cm}}$



$773; 777; 781; \underline{\hspace{1cm}}; \underline{\hspace{1cm}}; \underline{\hspace{1cm}}$

$799; 795; 791; \underline{\hspace{1cm}}; \underline{\hspace{1cm}}; \underline{\hspace{1cm}}$

$711; 715; 719; \underline{\hspace{1cm}}; \underline{\hspace{1cm}}; \underline{\hspace{1cm}}$



Gcwalisa inombolo efanele esiyingini ngasinye kule migqa yezinombolo.



Nginenombolo enamadjithi ama-3.



Idijithi lokuqala yisi-7, elilandayo likhulu ngokukodwa kunesi-7, elokugcina lincane ngoku-3 kunesi-7.

Uma ungabala ngakune usukele kule nombolo, iyiphi le nombolo?

Leyo nombolo: _____



89

Ukuphindaphinda nokuhlukanisa:

ngaku-2, ngaku-3, ngaku-4 nangaku-5
kuze kuyof inyelela ema-75

Usuku:

Ithemu 3



Ungathatha isikhathi esingakanani ukuphendula lokhu?

$1 \times 2 =$ _____	$5 \times 3 =$ _____	$4 \times 2 =$ _____	$10 \times 2 =$ _____
$4 \times 3 =$ _____	$3 \times 2 =$ _____	$2 \times 2 =$ _____	$3 \times 3 =$ _____
$6 \times 4 =$ _____	$4 \times 3 =$ _____	$5 \times 3 =$ _____	$9 \times 4 =$ _____
$6 \times 5 =$ _____	$8 \times 3 =$ _____	$9 \times 4 =$ _____	$8 \times 5 =$ _____
$7 \times 3 =$ _____	$8 \times 5 =$ _____	$2 \times 5 =$ _____	$7 \times 5 =$ _____



Faka umbala emabhulokhini lapho isibalo
sikunika khona insalela.

$12 \div 2 = 6$	$13 \div 3 = 4$ ins 1	$15 \div 5 =$ _____	$18 \div 5 =$ _____
$20 \div 4 =$ _____	$23 \div 4 =$ _____	$16 \div 3 =$ _____	$18 \div 3 =$ _____
$25 \div 2 =$ _____	$24 \div 2 =$ _____	$30 \div 2 =$ _____	$29 \div 2 =$ _____
$19 \div 3 =$ _____	$17 \div 3 =$ _____	$31 \div 5 =$ _____	$30 \div 5 =$ _____
$55 \div 5 =$ _____	$52 \div 5 =$ _____	$57 \div 3 =$ _____	$60 \div 3 =$ _____



Wazi kanjani ukuthi le nombolo iyahlukaniseka ngoku-:

- 3? Uma uhlanganisa izinombolo, isb. $72, 7 + 2 = 9$ kanti ungayihlukanisa ngoku-3.
- 2? _____
- 5? _____



Hlukanisa bese uhlola impendulo yakho.

$$65 \div 3$$

$$= (60 + 5) \div 3$$

$$= (60 \div 3) + (5 \div 3)$$

$$= 20 + 1 \text{ kusala } 2$$

$$= 21 \text{ kusala } 2$$

$$21 \times 3 + 2$$

$$= (20 + 1) \times 3 + 2$$

$$= (20 \times 3) + (1 \times 3) + 2$$

$$= 60 + 3 + 2$$

$$= 65$$

a. $49 \div 5$

b. $65 \div 5$



Xazulula lesi sibalo:

Kumele wenze uphenyo.

Wazi kanjani ukuthi le nombolo iyahlukaniseka ngoku-4?



q0



Usuku:

Ithemu 3



Buka lezi zithombe.

Khuluma ngezinto ozibonayo usebenzisa amagama a thi kuyisicaba, kugobile.



Buka lezi zithombe bese uqedela imisho nemibuzo.



a. Ibholo _____.



b. Kungani ibholo
lingasheleli?
_____.



c. Isilinda _____.






d. Isilinda ngabe
iyakwazi
ukushelela?
_____.



**Yisho igama lento
esetshenziswe esithombeni ngasinye.**

Nikeza igama elilodwa entweni ngayinye. Yisho ukuthi into iyagingqika noma iyashelela yini.





**Yisho ukuthi izinto ezinhlangothi-ntathu ziyizicaba
noma zigobile yini.**





Dweba lokhu okulandelayo:

Ibhokisi elincike kusilinda.	Ibhola elincike kusilinda.	Isilinda encike ebhokisini.
------------------------------	----------------------------	-----------------------------



q

Amasethi emicu yamaqhezu



Okuzosetshenziswa: Imicu emi-5 esikwe ephepheni enemibala ehlukahlukene, isikele, ipensela/amakhrayoni.

Usuku:

Yakha isethi yakho.

Okusikwayo kwesi-5

Kowodwa umucu bhala amagama athi: "Okukodwa okuphelele".



Goqa owodwa umucu ube wuhhafu ngokucophelela. Wuqaqe futhi. Zingaki izingxenye ezilinganayo?

Bhala $\frac{1}{2}$ kuhhafu owodwa bese usika lapho bekugoqwe khona.

Thatha umucu wesithathu uwugoqe ube wuhhafu, bese uwugoqa futhi kube wuhhafu kahhafu. Wuvule. Unezingxenye ezingaki ezilinganayo? Bhala $\frac{1}{4}$ esiqeshini ngasinye, bese usika lapho kunezimpawu zokugoqwa khona. Manje ake uzame ukwenza eminye imicu emibili, kowodwa ukhombise amaqhezu okwesihlanu, komunye ukhombise amaqhezu okwesishiyagalombili.



Sebenzisa isethi yezingcezu ukuphendula le mibuzo.



Okungaki kokuhlanu okulingana nokukodwa okuphelele?

Okungaki kokuyisishiyagalombili okulingana nokukodwa okuphelele nohhafu.



Amaqhezu emgqeni wezinombolo.

Lo mucu ukhombisa okukodwa okuphelele.

Okukodwa okuphelele

Lesi siyngi sikhombisa okukodwa okuphelele.

Okukodwa
okuphelele

Hlukanisa lo mucu ube okukodwa kokuthathu.

Hlukanisa amaqhezu okwesithathu endilingeni.


Faka umbala eqhezwini eliwokukodwa kokuthathu.

Faka umbala eqhezwini eliwokukodwa kokuthathu.




Faka umbala kulokhu okulandelayo:


Uhhafu owodwa




Amakota amathathu




Okubili kokuthathu




Okune kokuhlanu



Uhhafu owodwa



Amakota amathathu



Dweba lokhu okulandelayo:

Amakota amathathu
usebenzisa isikwele.

Uhhafu owodwa usebenzisa
isiy Jingi.

Okubili kokuthathu usebenzisa
unxantathu.

Okune kokuhlanu usebenzisa
isiy Jingi.

Okune kokuyisishiyagalombili
usebenzisa isikwele.

Okubili kokuthathu usebenzisa
unxande.



Lungisa isethi yakho.

- Sika isiyingi ngasinye kweziyisi-6 eKhasini Lokusikwayo kwesi-6.
- Sika iziyingi ezinhlanu zibe yizingcezu ulandela imigqa.
- Lebula ucezu ngalunye:
 - Ohlangothini olulodwa bhala iqhezu lehora.
 - Kolunye uhlangothi bhala inani lemizuzu elakhwa yilelo qhezu.





Usuku:



Okunye ngamaqhezu

Bhala Yebo noma Cha.

- Uhhafu wuhhafu wokukodwa okuphelele _____
- Uhhafu wuhhafu wekota _____
- Ikota wuhhafu kahhafu _____
- Uhhafu namakota amabili kwakha okuphelele
okukodwa _____



Hlukanisa ophaya.

uSipho, uGugu, u-Andile noLisa
bahlukaniselana uphaya.

a.

Ngilambile!
Ngifuna uhhafu



Dweba uphawini kaSipho.

Ngizodla uhhafu
walokho okuzosalas..



Dweba isabelo sikaSipho,
sikaGugu kanye nesika-Andile.

b.

Kulungile, ngiyavuma
ukudla ikota..



Dweba uphawini kaSipho nokaGugu.

d.


Njisalelwwe wuphaya
ongakanani mina?



Dweba ophawini babo bonke baphaya.



Hlukanisa izimo uphe abantwana
ngokuthi udwebe umugqa bese ufaka umbala.



Abangani aba-4 bahlukaniselana ngamaswidi
ama-5 ngokulingana.

Emunye uzothola amangaki?

Yiziphi izinombolo?

Dweba isithombe.

Abangani aba-6 bahlukaniselana
ngamaswidi ayi-9 ngokulinganayo.

Emunye uzothola amangaki?


Yiziphi izinombolo?

Dweba isithombe.



Ukuhlukanisa okuholela emaqhezwini

Nazi izinto
zokubala
eziyi-12




Singabangani sibabili. Sinesiquathini
esisodwa esisihlukanise ohhafu
abalinganayo.

Lokhu sikubiza
ngohhafu owodwa.



Lokhu sikubiza
ngohhafu owodwa.




Sihlukaniselana izinto zokubala eziyi-12
zokubala ngokulinganayo sobabili.

Ngithole izinto
zokubala eziyisi-6.



Ngithole izinto
zokubala eziyisi-6.



Yenza umdwebo walokhu okulandelayo bese uphendula imibuzo.

Amabhola ayisi-9 ahlukaniselwa abangani
abathathu bamantombazana.



Kunamabhola ayi-12, wahlukanisele abangani
aba-4. Aba-3 ngabafana.



- Intombazana ngayinye izothola amabhola amangaki?
- Intombazana ngayinye izothola iqhezu elingakanani?



- Intombazana ngayinye izothola amabhola amangaki?
- Qhezu lini elizotholwa ngumfana ngamunye?



Qhezu lini elizotholwa ngumfana ngamunye?


Qhezu lini elizotholwa nguLisa?

Igama
nginguMandla.



- Uzothola amabhola amangaki uMandla noLisa?

Igama
nginguLisa.



- Uzothola amabhola amangaki uMandla noLisa?



Ukuhlukanisa amanye amaswidi.



Abanye abangani bahlukaniselana ngamaswidi. Emunye uthola $\frac{1}{2}$ (uhhafu) wephakethe.

a. Mangaki amaphakethe adingeka ukuhlukanisela:

abangani aba-4? _____ abangani abayi-6? _____ abangani abayi-9? _____

b. Bangaki abangani abahlukaniselana?

amaphakethe ama-4? _____ amaphakethe aji-10? _____ $3\frac{1}{2}$ wamaphakethe? _____




Iziketi zokudansa.

Omama nawogogo bathunga iziketi zokudansa.

Ngesiketi esi-1 badinga amamitha ama- $2\frac{1}{2}$ (m) endwangu.


Indwangu ibiza ama-R6 imitha.



a. Bazothunga iziketi ezingaki ngala mamitha?

5 m _____ 10 m _____

20 m _____ 25 m _____



b. Badinga indwangu engakanani ukwenza?


iziketi ezi-2 _____ iziketi ezi- 3 _____ iziketi ezi- 4 _____

c. Ibiza malini indwangu ezokwenza?

isiketi esi-1 _____ iziketi ezi- 2 _____ iziketi ezi- 3 _____

d. Bazokwakha iziketi ezingaki ngale mali:

R450 _____ R825 _____ RI80 _____ ?



q4




Usuku:

Ibanga elisizungezile

Ithemu 3

Make sibheke ibanga lendawo ezungeze into ethile.






Umlimi unesiza esingunxantathu.

Ubude bebanga elizungezile sizobuthola ngokuhlanganisa ubude nobubanzi bezinhlangothi.

$$\text{Ibanga elizungezile} = 12 \text{ m} + 12 \text{ m} + 6 \text{ m} = 30 \text{ m}$$



Thola ubude bebanga elizungezile (ipharametha).



Ingadi ka Veronica.

UVeronica udweba ingadi azofuna ukutshala okuthile kuyo.

a. Bungakanani ubude bebanga elizungeze lapho kutshalwe khona amakhambi? _____


b. Yiziphi izingxenye ezinebangaa elilinganayo elizungezile?

Lingakanani ibanga elizungeze lezi zingxenye?

_____ kanye _____ ubude bebanga elizungezile _____ m.

c. Udinga ucingo azobiyela ngalo. Ucingo lubiza ama-R50 imitha.

Luzobiza malini lulonke ucingo? _____





Dweba eyakho ingadi.

Sebenzisa iphepha eliseKhasini Lokusikwayo kwe-7 ukuhlela ingadi yakho. Khombisa zonke izinto ukuthi zikalwe kanjani uveze nezithombo ofuna ukuzitshala.




Iziyingi zokukala.

Sebenzisana nomngani:

Okuzosetshenziswa:

Iziyingi eziyi-10 ezinobukhulu obungalingani, njengepuleti, ingilazi, ithephu enamathelayo, isivalo sebhodlela, intambo kanye nesikele.

1. Khetha isiydingi ozosikala ngentambo.
2. Sika intambo ende ngokwanele ukuthi izungeze isiydingi.
3. Manje thatha intambo efanayo uyelule iwelele ngaphesheya kwesiyingi. Bala ukuthi ifinyelela ngokuphindwa kangaki ngaphesheya.
4. Yenza kanjalo nakwezinye isiydingi.
5. Bhala konke okubonayo.



Ibanga elizungeze into eyisiyingi libizwa ngobude bokuzungeza noma ipharametha.	
Ibanga lento eyisiyingi uma usuka ohlangothini olulodwa uya kolunye, libizwa ngedayametha.	



Teacher:
Sign:
Date:

95a




Usuku:

Dlala le midlalo nomngani.

Okuzosetshenziswa:

RIOO RIO



ama-RIOO	ama-RIO	ama-RI	ama-IOc	ama-Ic

Ibhodi Lemali (Ekhasi Lokusikwayo 8), iphepha nepensela, amadayisi amabili, imali yokudlala (Ekhasi Lokusikwayo 9): RIOO nama-RIO angamaphepha; RI, IOc ne-Ic eliwuhlamvu.

Beka Ibhodi Lemali etafuleni.

Ibhodi linezingxenye ezi-5 ezisuka kwesokunxele ziyi kwesokudla, RIOO, RIO, RI, IOc kanye nesenti eli-I. Sizosebenzisa amakholamu ama-3 kulo mdlalo.




Hlanganisa ufinyelele e-RIOO.

- Umdlali ngamunye unikwa ithuba lokugingqa idayisi. Hlanganisa izinombolo ezimbili.
- Thatha inombolo ye-RI eliwuhlamvu uyibekke egxenyen i yama-RI kumata wakho.
- Uma ufinyelela kuma-RI ayishumi emali eyizinhlamvu kumele uthole i-RIO eliyiphepha.



- Owokuqala ozothola ama-RIO ayishumi awaguqulele e-RIOO nguye onqobile.



- Inhlawulo:** Uma odalayo eqeda kodwa ahluleke ukuguqulela izinhlamvu zama-RI e-RIO eliyiphepha bamthola abanye abadlali, uhlawula nge-RI. Uma umdlali ekhohlwa ukuguqula i-RIO libe yiphepha le-RIOO, ukhokha i-RIO kumdlali ongumlingani wakhe.



Susa usuke e-RIOO uye e-RO.

Dlalani lo mdlalo futhi, nisebenzise ama-RIO ayiphepha. Susani izinombolo ezisedayjisini. Umdlali ofinyelela e-RO nguye onqobile.

ama-RIOO	ama-RIO	ama-RI	ama-IOc	ama-Ic



Ukuhlanganisa nokususa okufinyelela e-RI OOO.

Hlanganisa ngesamba esisedayjisini njalo uma udlala e-RIO. Owokuqala ozofinyelela e-RI OOO nguye onqobile. Ningaqala nge-RI OOO niye njalo nisusa ngokudedelana kwenu. Owokuqala ozofinyelela e-RO nguye onqobile.



Ukuhlanganisa kufinyelele e-RI.

Dlala ngendlela odlale ngayo umdlalo wokuqala, kodwa manje nguwe ogingqa idayisi uthole isamba, thatha isamba sedayisi sibe yisenti elilodwa. Uma sewunamasenti ayi-IO ahamba ngawo-Ic, thola uhlamvu luka-IOc. Owokuqala ozothola uhlamvu lwale mali nguye onqobile.



Susa amasenti.

Qala nge-RI, ulisuse emdlalweni ngamunye. Owokuqala ozofika e-O wamasenti nguye onqobile.



Teacher:
Sign:
Date:

q5b

Masiyothenga!


Usuku:

Ithemu 3



Kuthengiswa izigqoko.

Isitolo sithengisa izigqoko ngamanani ama-5
ahlukene.



							Izamba
Isigqoko a	R20	R20	R20	R20	R20	R20	R120
Isigqoko b	R25	R25	R25	R25	R25	R25	
Isigqoko c	R50	R50	R50	R50	R50	R50	
Isigqoko d	R75	R75	R75	R75	R75	R75	
Isigqoko e	R100	R100	R100	R100	R100	R100	

- Thola ubungako bezigqoko emgqeni ngamunye.
- UMaZondo uthenga isigqoko esi-1 ohlotsheni ngalunye.

Ukhokha malini seyijonke?

- UBhuti ukhokha R450 sekukonke. Uthenga isigqoko esi-1 ngama-R100.

Uthenga ziphi ezinye izigqoko? Khombisa izindlela ezi-2.


Hlol!
Qhathanisa!
Lungisa!

Impendulo yoku-1	Impendulo yesi-2



Kubabhaki bezinkwa.

uMusa usebenzisa indlela yokupheka ukuze enze ikhekhe eliyisiponji.



Indlela yokupheka ikhekhe eliyisiponji

40 g kafulawa ozikhukhumalelayo; 3 amaqanda; 50 g ushukela we-ayisingi

Azokunamathisela ekhekheni: 140 ml ukhili mu

a. Thola ukuthi uMusa udinga okungakanani kwalokhu ukubhaka amakhekhe afinyelela kwayisi-6.

Ikhekhe	Ufulawa	Amaqanda	Ushukela	Ukhili mu
1	40 g	3	50 g	140 ml
2				
3				
4				
5				
6				

b. Thikha (✓) impendulo efanele.

I litha likakhili mu ligcwala: amakhekhe ayi-10; amakhekhe ayi-7;
amakhekhe ayi-8



Izibalo ezisheshayo.

Hlola!
Qhathanisa!
Lungisa!

$10 \times 7 =$	$10 \times 70 =$	$5 \times 7 =$	$5 \times 70 =$	$70 \times 2 =$
$12 \times 4 =$	$12 \times 8 =$	$6 \times 16 =$	$5 \times 9 =$	$50 \times 9 =$
$15 \times 3 =$	$15 \times 6 =$	$10 \times 4 =$	$8 \times 4 =$	$18 \times 4 =$



96

Usuku:

Okunyeengemininingwane

Ithemu 3



Esiteshini samaphoyisa.

Amaphoyisa amahlanu enza umsebenzi ongafani. Aphi njengamanje ngalinye?

	Usedeskini	Uyazulazula	Usenkantolo
uSerufe			x
uMaria	x		
uSam	x		
u-Amos		x	
uDudu			x

Bhala igama lalowo: Osedeskini.

Ozulazulayo.

Osenkantolo.



Usuku Iwezihlahla.



Izikole ezinhlanu ziyaqhudelana ukubona ukuthi yisiphi esizotshala izihlahla eziningi kakhulu

ngoSuku Iwe-Arbor  = 10 izihlahla.

iKlipspruit	
iMthonjeni	
iSonskyn	
iThuthong	
iMosiba	

Zingaki izihlahla ezitshalwe yisikole ngasinye kulezi?

iKlipspruit	iMthonjeni	iSonskyn	iThuthong	iMosiba

Zingaki izihlahla ezitshalwe yisikole sezizonke?



Luhlobo luni lophahla?



abantwana beBanga lesi-3 benza inhlolovo elokishini langakubo.

Bafuna ukuthola imininingwane ngezinhlolo zophahla ezindlini ezahlukene.

Bakhombisa abakutholile kule grafu.



Bafaka ithikhi (✓) eyodwa ngendlu ngayinye abayibonayo.



Amathayili	✓	✓	✓	✓	✓	✓				
Utshani bokufulela	✓	✓	✓	✓	✓	✓	✓	✓	✓	✓
Amapulangwe	✓	✓	✓	✓	✓	✓	✓	✓		
Insimbi	✓	✓	✓	✓	✓	✓	✓	✓		

Babona olungaki uphahla ezinhlotsheni ezilandelayo?

Amathayili _____ Utshani bokufulela _____ Amapulangwe _____ Insimbi _____

Yiluphi uphahla oluthandwa kakhulu? _____

Lungaki uphahla olutholakala uma kubalwa? _____



Ubukhulu bamakepisi.

Abafana basesikoleni iJuma bagqoka amakepisi esikole.

Amakepisi afika ewosayizi 2, 3, 4.



2	2	3	2	3	4	4	3	2	3	2	3
4	2	2	3	3	3	2	2	2	3	4	4
2	3	2	3	4	2	4	4	3	4	2	2
2	2	3	3	3	4	2	2	2	3	3	4
4	2	2	2	3	4	2	4	4	3	2	

Bala uthole ukuthi bangaki abafundi abagqoke usayizi ofanayo wamakepisi.

2 _____ 3 _____ 4 _____

Yibuphi ubukhulu obube buningi kunobunye? _____

Hlola!
Qhathanisa!
Lungisa!

Teacher:
Sign:
Date:

97



Usuku:


Usuku

Ukusebenza ngamasentimitha

Ithemu 4



Mude kangakanani umugqa ofakwe umbala?



Qala ngokuhlawumbisela bese ukala imigqa.
Qedela ithebhula.

Umugqa	Ukuhlawumbisela	Ukukala	Umahluko phakathi kokuhlawumbisela nokukala



Sebenzisa irula ukudweba le migqa elandelayo.

a. 10 cm

b. 7 cm

c. 15 cm



Yisho ukuthi uzokala lokhu ngamamitha noma
ngamasentimitha yini.


- a. Ubude bencwadi _____
- b. Ukuphakama kwesivalo _____
- c. Ubude bepensela _____
- d. Ukuphakama kwakho _____
- e. Ubude bomunwe wakho _____

Khumbhula ukusebenzisa
amagama afingqiwe amele
amasentimitha (cm)
namamitha (m).



Phakathi nonyaka usebenzise amapensela akho ayishumi okufaka
imibala. Abeyi-15 cm ubude ngaphambili kokuwasebenzisa.

Emva kokuwasebenzisa elibomvu selingama-7 cm, elisasibhakabhaka lingama-5 cm,
elisatshani lingama-6 cm, eliphuzi liyi-11 cm, elibukhwebezana liyi-12 cm, eliwolintshi
lingama-9 cm, elinsundu liyi-14 cm, elimnyama lingama-8 cm, eliphinki liyi-13 cm bese
kuthi elimhlopho libe yi-15 cm ubude.



- a. Yiliphi ipensela olisebenzise kakhulu kunawo wonke? _____
- b. Yiliphi olisebenzise kancane kunawo wonke? _____
- c. Bhala ubude bamapensela akho kusukela kwelifushane
kunawo wonke kuya kwelide kunawo wonke.





Izinombolo 700 kuya ema-800



Qala ngokubala bese ubhala.

- a. Sebenzisa ishadi elilandelayo ukuze likusize ukubala usukele ema-700 uye ema-800.
Phimisela inombolo ngenkathi ubhala.

700



701			704					710
						718		
	722							
				736				
741							749	
						758		
		773					788	790
			795					800

- b. Bhala izinombolo ezidingekayo kugridi engenhlá.
c. Bhala izinombolo eziyi-10 ezitholakala ngale kwama-750.

750; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____

- d. Bhala izinombolo eziyisi-8 ezilandelayo ezinephethini loku-2.

762; 764; 766; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____

- e. Bhala zonke izinombolo eziyiphethini loku-2 usuke ema-751 uye ema-773.


751; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; 773

- f. Bhala izinombolo ezi-8 ezilandelayo eziyiphethini loku-5.

751; 756; 761; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____




Uthola amabhulokhi amangaki uma uwabala?



Uwabale kanjani amabhulokhi?



Qedela umugqa wezinombolo.



Qedela
ithebhula.

Bhala usuke kokuncane
kunakho konke uye
kokukhulu kunakho konke.

Bhala usuke kokukhulu
kunakho konke uye
kokuncane kunakho konke.

776, 772, 779, 770, 778	
736, 703, 730, 713, 703	



Bhala lokhu okulandelayo ngamagama.

788

Teacher:

Sign:

Date:




qq

Okunye ngezinombolo

ama-700 kuya ema-800



Usuku:

Ithemu 4



Uthisha ucele uPeter ukuthi
akhe ama-759 ngamakhadi
namabhulokhi akhe.




Okukhonjiswe wuBen yilokhu.
Ngabe yini angayenzanga kahle?



UPeter ubevele enamakhadi
anezinombolo zalezi zikhundla
ezilandelayo kanye namabhulokhi
amashumi.



Bhala umusho wezinombolo kanye nempendulo.



Bhala umusho wezinombolo kanye nempendulo.

700

90

q

$700 + 90 + q$

=

500

50

60

5



Qedela umugqa wezinombolo.

789	790	791								799
-----	-----	-----	--	--	--	--	--	--	--	-----

Ngiphe zonke izinombolo ezincane kunama-795.

Ngiphe zonke izinombolo ezinkulu kunama-795.



Gcwalisa lokhu <, > noma =.

- a. 799 _____ 766 b. 745 _____ 750
 c. $700 + 90 + 7$ _____ 767




Hlahlela inombolo yakho.

- a. Yakha inombolo ngayinye ngamakhadi.
 b. Bhala izinombolo ngokwezikhundla zazo ngayinye.

Yenza lokhu-ke manje: Hlahlela inombolo yakho.

790	
689	
699	
755	
690	



Bhala izinombolo ngamagama azo.

668	
757	
799	
742	
691	



100



Usuku:

Ithemu 4



Izinombolo 800 kuya ema-900

Qala ngokubala bese ubhala.

- a. Sebenzisa ishadi elilandelayo ukuze likusize ukubala usukele ema-800 uye ema-900.
Phimisela inombolo ngenkathi ubhala.

800



801			804					810
						818		
	822							
				836				
841							849	
						858		
		873						
						888	890	
892			895					900

- b. Bhala izinombolo ezidingekayo kugridi engenhla.
c. Bhala izinombolo ezili-10 eziza emva kwama-800.

800; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____

- d. Bhala izinombolo ezilandelayo eziyisi-8 ngamaphethini loku-2.

852; 854; 856; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____

- e. Bhala zonke izinombolo ngamaphethini loku-2 usukele ema-807 uye ema-829.


807; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; 829

- f. Bhala izinombolo ezilandelayo eziyisi-8 ngamaphethini loku-5.

834; 839; 844; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____




Uthola amabhulokhi amangaki uma uwabala?



Uwabale kanjani amabhulokhi?



Qedela umugqa wezinombolo.



Qedela
ithebhula.

Bhala usuke kokuncane
kunakho konke uye
kokukhulu kunakho
konke.

Bhala usuke kokukhulu
kunakho konke uye
kokuncane kunakho
konke.

856, 853, 855, 851, 857		
898, 801, 810, 819, 891		



Bhala lokhu okulandelayo ngamagama.


845

Teacher:
Sign:
Date:

Okunye ngezinombolo

ama-800 kuya ema-900



Usuku:




UPeter ubevele enamakhadi
anezinombolo ngokwezikhundla
zezinombolo kanye namabhulokhi
amashumi.

Uthisha ucele uPeter ukuthi
akhombise ngamabhulokhi
namakhadi inani lama-854.


Okukhonjiswe wuBen yilokhu.
Ngabe yini angayenzanga kahle?



Bhala umusho wezinombolo kanye nempendulo.



Bhala umusho wezinombolo kanye nempendulo.





Qedela umugqa wezinombolo.

889	890	891								900
-----	-----	-----	--	--	--	--	--	--	--	-----

Ngiphe zonke izinombolo ezincane kunama-894.

Ngiphe zonke izinombolo ezinkulu kunama-894.



Gcwalisa lokhu <, > noma =

- a. 899 _____ 898 b. 802 _____ 820
 c. $900 + 70 + 5$ _____ 785




Hlahlela inombolo yakho.

- a. Akha inombolo ngayinye ngamakhadi.
 b. Bhala ubungako benombolo ngokwesikhundla sayo.

Yenza lokhu-ke manje: Hlahlela inombolo yakho.

890	
889	
802	
855	
840	



Bhala izinombolo ngamagama azo.

889	
825	
803	
830	
899	





Ukukala sisindo sezinto



Buka izithombe ezilandelayo bese uphendula imibuzo.



- Ngabe i-1 kg ensipho yokuwasha isinda ngaphansi noma ngaphezulu kwama-2 kg yensipho yokuwasha? _____
- Yini elula kakhulu: Ngabe ama-500 g amasiriyeli adliwa ekuseni noma amabhiskidi angama-200 g? _____
- Yini esinda kakhulu: Ngabe yi-100 g kakhilimu wesikhumba noma yi-1 kg yephakethe lesitambu? _____



Ngabe sisinda kangakanani uma sikalwa sisonke ndawonye?

Isisindo sami singama-25 kg, umngani wami ungama-29 kg kanti umfowethu ungama-45 kg.



Le mikhiqizo isinda kangakanani uma ibekwe ndawonye?

Umkhiqizo wokuqala unesisindo se-1 kg 500 g, owesibili ungama-3 kg 500 g owokugcina ungama-2 kg 500 g.



Buka lezi zithombe bese uphendula imibuzo.

1,5 kg uyalingana ne-1 kg
nama-500 g.



2,5 kg uyalingana nama-2 kg
nama-500 g.



Ngabe kumele ngiwabhale
kanjani ama-3,5 kg
ngamakhilogramu namagramu?



Qedela ithebhula.

Uthisha uzokunika izinto ezinhlanu okumele uzibuke. Qagela isisindo sazo bese uzikala.

Into	Hlawumbisela	Isikali	Umahluko phakathi kokuhlawumbisela nesikali



Zisinda kangakanani uma zihlanganisiwe?

Umkhiqizo wokuqala ngama-2 kg 500 g, owesibili ngama-1 kg 500 g
owokugcina ngama-3 kg 500 g.





Masiphinde sikale futhi

Isisindo sisho ukukala ubunzima bento ekhona kwenye into. Uma kunento eningi, kuya ngokuba lukhuni ukuyidudula.

Isisindo sisho isilinganiso sokuthi amandla omhlaba ayidonsa kanjani leyo nto eyibuyisela emhlabeni. Uma sithatha into siyisa enyangeni iba nesisindo esifanayo kodwa isikali siyithola ilula ngenxa yobulula bamandla enyanga uma eqhathaniswa nawomhlaba.

Ngokwezidingo zansuku zonke sithatha isisindo njengento efanayo emhlabeni nenyenesisindo esithile **samakhilogramu** noma **amagramu**.

Izikali ezahlukene



Sisebenzisa izinhlobo ezahlukene ukukala isisindo. Sisebenzisa ezilinganisayo kanye nezisebenzisa isipilingi.

Ilitha lamanzi linesisindo sekhilogramu eli-l.









Thola isisindo salokhu.

Bhala isisindo ngama-kg esikhonjiswa esikalini ngasinye sespringi.



Le nhlanzi inesisindo samakhilogramu ama-3.






Sisebenzisa amagramu ukukala isisindo sezinto ezincane nezilula kanye nokukala amaqhezu ekhilogramu.


$$1000 \text{ g} = 1 \text{ kg}$$

Kulesi sikali esinesipilingi, umugqa ngamunye omncane ulingana nesisindo samagramu ayi-10. Utamatisi unesisindo samagramu angama-320.



Zikala isisindo esingakanani?


Dweba lapho uluthi lwasikali kumele luye khona esikhathini ngasinye.



7 kg



4 kg



6 kg



Yakha ikhilogramu.

Hlanganisa wenze 1 kg (1 000 g).

- $125 \text{ g} + 250 \text{ g} + 125 \text{ g} + \underline{\hspace{2cm}} \text{ g} = 1000 \text{ g} (1 \text{ kg})$
- $50 \text{ g} + 30 \text{ g} + 240 \text{ g} + 60 \text{ g} + 100 \text{ g} + \underline{\hspace{2cm}} \text{ g} = 1 \text{ kg}$
- $57 \text{ g} + 46 \text{ g} + 243 \text{ g} + 334 \text{ g} + \underline{\hspace{2cm}} \text{ g} = 1000 \text{ g} (1 \text{ kg})$
- $50 \text{ g} + 90 \text{ g} + 160 \text{ g} + \underline{\hspace{2cm}} \text{ g} = 1000 \text{ g} (1 \text{ kg})$



Izinombolo 900 kuya e-1 000



Qala ngokubala bese ubhala.

- a. Sebenzisa ishadi elilandelayo ukuze likusize ukubala usukele ema-900 uye e-1 000.

Phimisela inombolo ngenkathi ubhala.

900



901		903						910
							919	
		943					948	
981								
991							999	

- b. Bhala izinombolo ezidingekayo kugridi engenhla.

- c. Bhala izinombolo ezili-10 eziza emva kwama-900.

900; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____

- d. Bhala izinombolo eziyisi-8 ezilandelayo ezinephethini loku-2.

946; 948; 950; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____

- e. Bhala zonke izinombolo ngamaphethini loku-2 kusukela ema-945 kuya ema-967.


945; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; 967

- f. Bhala izinombolo eziyisi-8 ezilandelayo ezinephethini loku-5.

936; 941; 946; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____ ; _____




Uthola amabhulokhi amangaki uma uwabala?



Uwabale kanjani amabhulokhi?



Qedela umugqa wezinombolo.



Qedela
ithebhula.

Bhala usuke kokuncane
kunakho konke uye
kokukhulu kunakho konke.

Bhala usuke kokukhulu
kunakho konke uye
kokuncane kunakho konke.

936, 933, 935, 931, 937		
978, 907, 970, 917, 971		




Bhala lokhu okulandelayo ngamagama.

695



Okunye ngezinombolo ama-800 kuya e-1 000



Usuku:




U-Andile ubevele enamakhadi
anezinombolo ngokwezikhundla
kanye namabhulokhi amashumi.

Uthisha ucele u-Andile ukuthi
akhombise ngamabhulokhi
namakhadi inani lama-932.


Okukhonjiswe wuGugu yilokhu.
Ngabe yini angayenzanga kahle?



Bhala umusho wezinombolo kanye nempendulo.



Bhala umusho wezinombolo kanye nempendulo.





Qedela umugqa wezinombolo.

989 990 991 999

Ngiphe zonke izinombolo ezincane kunama - 995

Ngiphe zonke izinombolo ezinkulu kunama - 995



Gcwalisa <, > noma =.

- a. 999 998 b. 957 975
 c. $900 + 60 + 1$ 961




Hlahlela inombolo yakho.

- a. Yakha inombolo ngayinye ngamakhadi.
 b. Bhala ubungako benombolo ngokwesikhundla sayo.

Yenza lokhu-ke manje: Hlahlela inombolo yakho.

922	
959	
980	
907	
931	



Bhala izinombolo ngamagama azo.

976	
905	
950	
821	
909	




Ukuhlanganisa nokususa okufinyelela ema-qqq


Usuku:



Bhala umusho wezinombolo ngalokhu ngakunye.



Chaza ukuthi uwabale kanjani amabhulokhi?



Chaza ukuthi uwabale kanjani amabhulokhi?



Landela isibonelo.

5 0

5 0

Ukuphinda kibili ama-
50 kwenza i-100

3 0 0

3 0 0

2 0 0

2 0 0

3

3



Sebenzisa okuthi akuphindeke kibili ukuxazulula
lokhu okulandelayo: Landela isibonelo.

a. $43 + 44 =$	Phinda kibili $43 + 1$	$43 + 43 + 1 = 87$
b. $81 + 41 =$		
c. $40 + 41 =$		
d. $66 + 67 =$		



Sebenzisa okuphindeke kabili noma
okuthi makuphindeke kabili ukuxazulula lokhu
okulandelayo. Landela isibonelo.

a. Ukuphinda kabili ama-340

$$= 340 + 340$$

$$= \text{Ukuphinda kabili ama-340}$$

$$= 300 + 300 + 40 + 40$$

$$= 600 + 80$$

$$= 680$$

b. $340 + 341$

$$= \text{Ukuphinda kabili ama-340} + 1$$

$$= 300 + 300 + 40 + 40 + 1$$

$$= 600 + 80 + 1$$

$$= 681$$

c. $470 + 470$

d. $461 + 462$



Xazulula lesi sibalo:



Abantwana beBanga lesi-2 baqoqe inani lezimabule ezingama-360.

Abantwana beBanga lesi-3 bona banezimabule ezimbalwa ngama-216 uma beqhathaniswa nabeBanga lesi-2.

Abantwana beBanga lesi-3 banezingaki?

Teacher:
Sign:
Date:



Mayelana nendlu



Usuku lokubhaka.

UMamncane uPhindi ubhaka isinkwa kuhhavini wakhe.

Khombisa isikhathi kula mawashi.



Ufaka isinkwa imizuzu **ijishumi nanhlanu emva kwelesine**.



Ukhipha isinkwa imizuzu **imihlanu ngemva kwelesihlanu**.

Sithatha isikhathi esingakanani isinkwa uma sibhakwa?

Umama kaMimi usebenzisa imayikhroweyivu. Uthi iyashesha.

Manje isikhathi sithi **16:30**. Buka isikhathi esithathwa wukupheka kumayikhroweyivu.

Sizovuthwa nini isinkwa?



Ishesha kangakanani imayikhroweyivu kunomunye uh havini? Imizuzu e- .




**Imisebenzi
yasekuseni.**



NgoMqqibelo ekuseni uMusa noPalesa basiza umama endlini.

Uthatha isikhathi esingakanani umsebenzi ngamunye?

	Qala lapha	Phelela lapha	Kuthathe isikhathi esingakanani?
Yenza ukudla kwasekuseni	6:15	6:40	
Geza izitsha	7:20	8:05	
Hlanza ikhishi	8:20	9:15	
Hlanza indlu encane	10:00	10:25	
Hlanza ikamelo lokulala	11:30	12:15	



Nisela esivandeni.

Ipayipi lamanzi lisebenzisa amalitha angama-30 amanzi ngomzuzu o-l.


Mangaki amalitha amanzi elikwazi ukuwasebenzisa ipayipi?

Imizuzu e-2 amalitha a- _____.

Imizuzu e-2 $\frac{1}{2}$ amalitha a- _____.

Imizuzu e-5 amalitha a- _____.

Imizuzu eyi-10 amalitha a- _____.



Ukupheka ukhari.

Uyise kaBabu wenza aphiinde athengise ukhari. Ngesonto eliodwa usebenzisa amafutha angamamililitha angama-750.

Ubhala phansi ukuthi usebenzise amafutha angakanani usuku nosuku.

ngomsomb	ngolwesib	ngolwesith	ngolwesin	ngolwesihi	ngomgq	ngeSont
98 ml	122 ml	108 ml	117 ml	109 ml	135 ml	?

- Mangaki amamililitha (ml) kawoyela awasebenzisa kusukela ngomsombuluko kuze kube ngomgqibelo? _____ ml
- Mangaki amamililitha (ml) kawoyela awasebenzisa ngeSonto? _____ ml
- Ibhoddlela eliodwa likawoyela elingama-750 amamililitha (ml) libiza R18.50.

Amabhoddlela ama-4 abiza? _____.

Hlola!
Qhathanisa!
Lungisa!





Ukusebenza ngemali

Ukubala imali eyizinhlamvu nemali engamaphepha.

$10 \times \text{R}10 = \text{R} \underline{\hspace{2cm}}$	$20 \times \text{R}10 = \text{R} \underline{\hspace{2cm}}$	$50 \times \text{R}10 = \text{R} \underline{\hspace{2cm}}$
$10 \times \text{R}20 = \text{R} \underline{\hspace{2cm}}$	$20 \times \text{R}20 = \text{R} \underline{\hspace{2cm}}$	$50 \times \text{R}20 = \text{R} \underline{\hspace{2cm}}$
$10 \times \text{R}50 = \text{R} \underline{\hspace{2cm}}$	$20 \times \text{R}50 = \text{R} \underline{\hspace{2cm}}$	$50 \times \text{R}50 = \text{R} \underline{\hspace{2cm}}$
$10 \times \text{R}100 = \text{R} \underline{\hspace{2cm}}$	$20 \times \text{R}100 = \text{R} \underline{\hspace{2cm}}$	$50 \times \text{R}100 = \text{R} \underline{\hspace{2cm}}$
$10 \times \text{R}200 = \text{R} \underline{\hspace{2cm}}$	$20 \times \text{R}200 = \text{R} \underline{\hspace{2cm}}$	$50 \times \text{R}200 = \text{R} \underline{\hspace{2cm}}$
$100 \times \text{R}10 = \text{R} \underline{\hspace{2cm}}$	$100 \times \text{R}50 = \text{R} \underline{\hspace{2cm}}$	$100 \times \text{R}100 = \text{R} \underline{\hspace{2cm}}$
$100 \times \text{R}20 = \text{R} \underline{\hspace{2cm}}$	$100 \times \text{R}100 = \text{R} \underline{\hspace{2cm}}$	




Uhambo ngesitimela.

UKgethi nabantwana bakhe aba-3 bahamba ngesitimela.

Abadala nabantwana bakhokha imali efanayo.

UKgethi ukhokha ngemali yamaphepha.



Uthola ama-R30 ushintshi.

Libiza malini ithikithi lilinye? Thikha (✓) impendulo efanele:

- a. R90 b. R32 c. R80 d. R45,50

Hlola!
Qhathanisa!
Lungisa!



Isiphaza sikaSandile.



uSandile wakhe ithebhula lemali engenayo.

Okokuqala uyahlawumbisela, bese ebala imali engena nsuku zonke.

Imali engenayo yimali esiyitholayo noma etholakala ngoba siyisebenzele.

Siza uSandile aqedele ukubala. Bhala izimpendulo zakho ethhebhulenai.

		Hlawumbisela	Isamba
uMsombuluko	R50 + R75 + R200 + R350 + R25		
uLwesibili	R25 + RI75 + R50 + R320 + R90		
uLwesithathu	R50 + R75 + R200 + R350 + R25		
uLwesine	RI20 + R55 + RI80 + R245 + R25		
uLwesihsanu	R60 + RI50 + RI40 + R200 + RI25		
uMgqibelo	R50 + R75 + R200 + R350 + R25		
iSonto			



Thola ukuthi ushintshi ungakanani.

Ukuthola ushintshi kumele uhlanganise inani lezinto nemali oyikhiphile.

Isibonelo:	+ 50c	+ R2	+ R10	+ R100
UPalesa uthenga ukudla ngama- R87,50	R87,50	R88	R90	R100
Ukhokha ngama-R200 ayiphepha.				
Ungakanani ushintshi wakhe?				

50c + R2 + R10 + R100 = RII2,50 ushintshi

Sebenzisa umusho wezinombolo ukukusiza uthole ushintshi.

Inani: R229,40 Kukhokhwa nge:-	 	
Inani: R305,60 Kukhokhwa nge:-	 	





Masixazulule le nkinga.

UGugu uqoqe izitikha ezingama-234.

UMandla umnike ezingama-501.

Zingaki izitikha anazo sezizonke?

Uthini umbuzo?


Zingaki izitikha anazo sezizonke?

Yiliphi igama elimqoka? **Sezizonke**

Yiziphi izinombolo? **234 nama-501**




Nakhu okwenziwe nguGugu
ukuxazulula inkinga.



Nakhu okwenziwe ngu-Aakar.

Wenze umdwebo omkhulu.



Okwenziwe nguLisa kufana kanjani nokuka-Aakar kube kungamabhulokhi?

Sebenzisa inombolo esenkingeni ukuxazulula lokhu okungezansi ngezindlela ezimbili ozifundile.

Indlela yoku-1

Indlela yesi-2



Imisebenzi yasekuseni.

